# ABASEKORINTE, INCWADI YOKUQONDISA

Sanibona ekuseni, bangane! Ngitshele uMfowethu Neville, bengithe nje ukusha izwi kancane kulokhu ukusa, nalemvuselelo ezayo. Bengingeke ngizame ukushumayela kini kulokhu ukusa, ngoba ngishe izwi kakhulu. Kodwa iqembu elincane nje lethu lapha, ngingahle ngibe nesifundo sikaSonto sikole esincane, bese ngimdedela ashumayele esikhashaneni nje. Ngakho-ke sizo. . .Ngizoba nje nesifundo esincane esivela eBhayibhelini lapha, sento ethile esingakhuluma mhlawumbe imizuzu eyishumi nanhlanu, amashumi amabili. Futhi mhlawumbe iNkosi izosinika okuthize kulokho. Manje, Ibe yihle kabi kithi, yihle kabi.

2 Futhi, ngakho-ke, sikhathele. Ngivuke sekuleyithi kancane izolo ebusuku. Mina ngi. . .emva kokuba bengi. . .Izicingo eziningi zingena selokhu ngingenile. Futhi—futhi kwenzekile ngaqaphela, futhi umfana wami omncane ubenobuhlalu bengilazi obebungagcwala isandla, nje ebuhlafuna futhi ebudla, bengilazi, futhi—futhi egwinya lena, bekuyingilazi. Futhi ngakho-ke simthathile futhi sageza umlomo wakhe omncane. Khona-ke besivukile naye, ingxenye enkulu kakhulu yobusuku, ngakho-ke ngithe ukukhathela kulokhukusa.

3 Futhi ngidingeke, khona masinya ngehora leshumi nambili nqo, ukuba ngihambe ngiye eKentucky, futhi ngehlele eKentucky kwesinye isikhathi esinqumele ukubonana ngaso lapho. Futhi, khona-ke, kuleliviki elizayo kuza umhlangano wethu.

4 Futhi manje ngifuna ukuzama, ubusuku obumbalwa nje bokukhuluma nje, uma ngingakwazi. Okwami. . .Angigodoli. Ngishumayele kakhulu nje iphimbo lami laze lahamba. Niyabo, lokhu yizinyanga ezine, eziqondile, niyabo. Futhi ngakho-ke, emva kwalokho, khona-ke ngiya eCanada, bese-ke ngibuyela emihlanganweni yethu evamile naphesheya kwezilwandle.

5 Manje, ngisahlezi lapho, ngikhuluma noLeo noGene, emizuzwaneni embalwa nje edlule, bengicabanga ngomBhalo lapha esingahle siwusebenzise kulokhu ukusa. Uma i. . .Manje, okokuqala, bengizohlala nje lapho umzuzu, bengikhathele kakhulu, ngase-ke ngicabanga, “Lokho akubukekanga kahle, mina ngihlezi emuva egumbini lapho, nebandla liphandle lapha. Ngani, iNkosi ingahle ingabuyi lapho. Ngifuna ukuphumela lapha lapho Beyikhona.”

6 Ngakho-ke, ngikholwa ukuthi ngibona esinye sezizathu ezingilethe lapha kulokhu ukusa, uMfowethu Littlefield ulapha. Yebo. Ubefuna ukungibona umzuzwana nje ngemva kwenkonzo. Futhi uMfowethu Littlefield ungowasenhla eTennessee, lapho lapho esaba khona nomkhulu— omkhulu umhlangano phezulu lapho, maduzane nje ejimini yesikole samabanga aphakeme. Angikwazi nje ukubiza igama ledolobha. Kuphi, wena, Mfowethu Littlefield na? [UMfowethu Littlefield uthi, "eCleveland."—Umhl.] ECleveland. ["ETennessee."] ECleveland, eTennessee.

7 Futhi ngakho-ke saba nesikhathi esimangalisayo phezulu lapho. Futhi uphakathi. . . wayeza ngapha, ukuba athi "halo" kimi, futhi ngakho-ke ngimtshelile ukuthi abe sezansi kulokhu ukusa. Besiya ndawana thize kulokhu ukusa, kwenye, kwase kuthi-ke, abanye abangani ebengifuna ukubavakashela, hhayi ukushumayela, ukuvakasha nje, ngoba ngibathembisile. Futhi khona-ke uMfowethu Littlefield ubelapha, noDokotela Beeland kanye nabo. Futhi ngakho-ke bengifuna ukudlula nje futhi ngibabone kulokhu ukusa, isizathu sokuba ngingenile.

8 Ngakho-ke, manje, ngaleya eNcwadini kwabaseKorinte, cishe nje isahluko se 10, namavesi okuqala amane noma amahlanu. Ake sizindle kulokho imizuzwana embalwa, ukuze umfowethu engaba nesikhathi sokushumayela.

Manje asikhothamise amakhanda ethu, kuqala, eBukhoneni baKhe nje.

9 Baba waseZulwini obusisiwe, impela kungezinhliziyo ezibongayo ukuthi sikhothama ngokuzithoba phambi kwaKho ngalolusuku, ukuKubonga ngezinto ezinhle zokuphila. Futhi sibona ukuthi ukuphila ngokwakho kungumzabalazo owodwa nje omkhulu. Uma singenakho ngendlela eyodwa, sikwenye, kodwa ngolunye usuku olukhazimulayo impi iyophela. Futhi siyobona uJesu Ebesibheke ukumbona selokhu saMthanda, futhi sazane naYe, nesihlobo kuYe. Futhi siyajabula kakhulu ukwazi ukuthi ngolunye usuku siyakuMbona.

10 Manje, namhlanje, njengoba sisiphule ngaphansi komoki omdala, njengoba kwakunjalo, ukwenzela induduzo. Njengo-Abrahama ehlezi lapho, elindile, noNkulunkulu neziNgelosi ezimbili benyuka futhi bakhuluma naye. Futhi silindele Wena ukuthi nje uze kithi kulokhu ukusa, futhi ukhulume ezinhliziyweni zethu, ngeZwi laKho, Nkosi, njengoba sihlanganyela ngakuLo.

11 Busisa owethu othandekayo, umelusi othandekayo, Nkosi. Siyakhuleka ukuthi Uzomupha amandla nesibindi. Sikhulekela ukuthi Uzobusisa ibandla elincane, namadikoni nabo bonke abathintekayo lapha, Nkosi, nabo bonke abeza lapha; hhayi lapha kuphela, kodwa ezinye izindawo, iBandla laKho, emhlabeni jikelele.

12 Busisa abazalwane bethu abavakashile abakanye nathi namhlanje ekuseni enkonzweni. Sikhulekela ukuthi Uzoba nabo futhi ubaqinise. Sithethelele izono zethu, futhi ukhulume nathi ngeZwi laKho. Sicela eGameni likaKristu. Amen.

13 Uma ngingaphosisi uMfowethu Coats uhlezi lapha kulokhu ukusa. Ubekade. . . ngale ukuyomkhulekela, ngobunye ubusuku, esiBhedlela iVeterans; umdlavuza. Futhi siyajabula ukunibona phakathi lapha, kulokhu ukusa, Mfowethu noDadewethu Coats.

14 Manje, eNcwadini yabaseKorinte, i—isahluko se 10, leNcwadi yabaseKorinte iyincwadi yokuqondisa. Sifanele sithathe iNcwadi yabaseKorinte. Yilona kuphela ibandla kulo lonke iTestamente eLisha, ukuthi, ngokusobala, ukuthi abaholi babenenkathazo enjalo nalo. Kodwa, abaseKorinte babehlala njalo besenkathazweni. UPawulu, ngenkathi efika phakathi kwabo, omunye wayenolimi, nomunye enehubo, futhi omunye wayenokuzwa nomuzwa. Futhi wayehlale njalo enenkathazo ngalaba baseKorinte, ebagcina beqondile.

15 Uma siqaphela, wayengenakufundisa abaseKorinte izinto ezijulile. Babeyi—i—imfashini yengane nje. Bona—bona. . . Wayengakwazi ukuya kubo ngomkhulu, ojulile, imilayezo ayenza kwabase-Efesu nayenza kwabaseRoma, futhi abafundise izinto ezijulileyo, ngoba babengeke bakwazi ukukuthatha. Ba—babethembele kakhulu emizweni emincane nasezintweni ezincane kanjalo. Nje, "Awu, mayibongwe iNkosi, ngikutholile! Ngi—ngaba ne—nesambulo esiza kimi. Ngaba nehubo. Nginesiprofetho."

16 Futhi uPawulu wathi, "Zonke lezizinto ziyohluleka." Niyabo? Zonke, azifanele nje zethenjwe kakhulu kakhulu. Futhi ngakho, kodwa, lokho azama ukukufinyelelisa ebandleni, kwakuyilelohange, lapho si—lapho sinehange kuKristu, lapho ukuthi singathembeli emizweni. Asethembeli ezambulweni. Asizethembi lezizinto. Kuphela, sithemba uKristu. Kungokukholwa ukuthi siyaphuma lapho. Nje. . .

17 Siyaqaphela ukuthi uPawulu wayengafundisa abase-Efesu lapho, ukuthi kanjani ngaphambi kokusekelwa kwezwe, babemiselwe ngaphambili esimweni samadodana kaNkulunkulu. Manje, yena. . . AbaseKorinte babengazi lutho ngalokho. Bavele. . . babefanele babe nomuzwa omncane, noma okuthize, umuzwa omncane, owodwa *lona*, *lowo*, no*munye*. Futhi babethembele kulokho. Wayengeke abafundise izinto ezijulile.

18 Ngakho-ke, ngicabanga ukuthi kungokuhle lapho unabantu ongabafundisa izinto ezijulile, noMoya oNgcwele ungashwila lamaqiniso amakhulu, futhi uligxilise okwehange e—ezinhliziyweni zabantu, ukuze bazi lapho bemi khona, umuzwa noma akukho-muzwa, isiprofetho noma akukho-siprofetho, futhi noma kungaba yini, noma yini. Uma bona. . . asi. . . Manje

khumbulani, asi...Angizami ukusho ukuthi uNkulunkulu akasebenzani ngesiprofetho nezinto ezinjalo, kodwa asethembeli kulokho. Sinokubamba okujulile kunalokho, niyabo. Ngokuba, wathi, "Nomaphi lapho kuneziprofetho khona, ziyohluleka. Lapho kunezilumi khona, ziyonqamuka. Futhi lapho . . . "

19 Futhi yonke lemizwa leyo labo abaseKorinte ababenayo, akukho nowodwa wayo owawungubufakazi obubonakalayo bokuthi basindisiwe. Akukho nowodwa wayo owawungubufakazi bokuthi babesindisiwe. Hhayi... Uma ubungamemeza, uma ubungaprofetha, uma ubungaphulukisa abagulayo, uma ubungakhuluma ngezilimi, uma ubungahumusha izilimi, uma ubunokuhlakanipha, futhi ubunolwazi, akukho lutho lwalokho olusho ukuthi usindisiwe; akukho nokukodwa kwakho. Ubungaba nakho konke kwakho, UPawulu wathi, kwabaseKorinte bokuQala 13, futhi ulahleke. "Angilutho," niyabona.

20 Kodwa, lapho uthole uthando, ihange! Kulokhu ukusa, cishe ihora ngaphambi kokuba unkosikazi avuke, besengiphapheme. Futhi iNkosi ibiyembula kimi, into ethize enkulu mayelana nokuthi uNkulunkulu ulibopha kanjani iBandla laKhe ndawonye, ngalezozibopho zothando, nokuthi kufanele kube kanjani. Ayikho enye indlela yokuthi umuntu ake asindiswe ngaphandle kokuzalwa ngokusha. UNkulunkulu ethanda, ngifuna ukushumayela ngalokho kuleliviki elizayo. Futhi nje ukwakhela enhliziyweni yami. Mhlawumbe iNkosi izonginika uMlayezo kukho.

21 Manje, loMlayezo kulokhu ukusa, njengoba ufika enhliziyweni yami phakathi lapho, nguMlayezo, isexwayiso. Futhi ngicabangile, mhlawumbe, uma besingayisa lesi sexwayiso kubantu, njengoba uPawulu wayexwayisa laba abaseKorinte. Uma singayisa lesi sexwayiso kubantu, sazi ukuthi sibhekene nemvuselelo manje, nesikhathi sokuhlola, lapho esifanele sihlolwe khona. Manje, uPawulu wathi:

> *Ngokuba angithandi, bazalwane, ukuba* ni*ngazi, ukuthi okhokho bethu bonke babephansi kwefu, bonke badabula ulwandle;*
>
> *Ba...babhaphathizwa kuMose efwini naselwandle;*

22 Manje, ubanika ukuqonda ukuthi ngenkathi uNkulunkulu ekhipha u-Israyeli ehlane, engena ehlane ukukhonza Yena, nokubayisa ezweni lesethembiso. Bona...Ubabekela isibonelo lapho, ukuthi, njengoba sikhishwa kuzo zonke izinto eziphathekayo, zonke i—izinkambiso, zezenkolo neziyalo, kwakufana. Futhi siyathola, kuqhubeke kwehlele phambidlana esifundweni sethu, ukuthi okuningi kwalokho kwachithwa. Ngoba, babengenza zonke izinkambiso zezenkolo, nazo zonke iziyalo, nayo yonke into uNkulunkulu ayeyidinga, futhi noma kunjalo izinhliziyo zabo zazingalungisene noNkulunkulu.

23 Manje, singenza izinto eziningi. Singathatha isidlo. Singabhaphathizwa. Singe—singeza ebandleni, sibe namagama ethu encwadini, noma sibe nenhlonipho nje nenhlonipho yokuzithoba njengoba singakwazi, futhi sisalokhu silahlekile. Leso yisixwayiso esinesizotha. Singaba njengoba nje . . . sijabule nje lapho uMoya ubungehla, nasemhlanganweni lapho iZwi lalishunyayelwa khona, nemiphefumulo yethu ibiyovele ijabule ngeZwi, futhi ibe isalokhu ilahlekile.

24 "Imvula inela abalungile nabangalungile." Imvula efanayo eyenza ukolo ukhule, yenza ukhula lukhule. Kuyimvelo yomkhiqizo, niyabo. Yimvelo yakho esitshela lokho esiyikho. Ngakho-ke, yimvelo ekithi, eshoyo ukuthi siyini. Niyabo? Hhayi . . .

25 Singahle sibe ngabakholwayo kakhulu size singaziphenduleli izandla zethu ngeSonto, ukwenza utho. Singahle singathungi ngisho isitishi ezingutsheni zethu ngeSonto. Singahle ngisho singazizwa sivumelekile ukuthenga ukudla ngeSonto. Futhi singahle sibe ngabakholwe kakhulu futhi sibe mnene kakhulu! Kodwa, nokho, uma singazalwa ngokusha ngokoqobo ngoMoya kaNkulunkulu, sikhonza ngeze nje.

26 Ngakho-ke, manje, kulukhuni impela. Futhi sifuna ukukuthola ngempela futhi sazi iQiniso. Ngoba, khumbulani, angeke silithole ithuba lesibili kulokhu. Yilesi sikhathi nje esisodwa, ngakho-ke kungcono uqiniseke ngempela.

Manje, qaphela, "Angithandi ukuba ningazi, bazalwane."

27 Manje, laba baseKorinte, ngitheni endaweni yokuqala na? Babesekela amathemba abo aPhakade phezu komuzwa othize. UPawulu wathi, nje . . . Lapho, wathi, "Uma ngifika phakathi kwenu, omunye una*lokhu*, nomunye una*lokho*. Futhi oyedwa—oyedwa . . . " Wathi, manje, konke . . . Kulungile lokho. Asimelene ngalutho nakho. Kodwa, noma kunjalo, akusikho lokho esikhuluma ngakho. Niyabo? Akusikho lokho.

28 Ngiyakhumbula ngenkathi ngiqala ukuphenduka. Futhi ngiqala ukubona ukusebenza kukaMoya, nokuthi abanye babengakulingisa kanjani okwangempela, uMoya oNgcwele wangoqobo, futhi ngendlela yokuthi bekunga, ngani, kwakungenakwenzeka nje ukusho ukuthi yikuphi okwakulungile nokungalungile, kunzima.

29 Futhi ngibone indoda engangiyazi, futhi mina, futhi ngokubona okufihlakele, Ngangazi ukuthi leyondoda yayihlala nonkosikazi wenye indoda. Futhi lapha yayimi lapho ikhuluma ngezilimi futhi ihumusha, nakho konke, futhi inikeza imilayezo. Futhi i . . . Futhi ngathola omunye umfo endaweni lapho engangingakhuluma khona naye imizuzwana embalwa, futhi, umKristu wangoqobo wangempela.

30 Futhi ngacabanga, "Ungakwenza kanjani lowoMoya, uMoya ofanayo, lapho mina . . . " Kungalenkathi lapho ngiqale ukubona ipentekoste. Futhi kwakuseMishawaka, e-Indiana. Futhi ngiyanitshela, impela ku . . . Ngacabanga, emahoreni ambalwa okuqala ambalwa ngangilapho, ngangiphakathi kweziNgelosi. Futhi emahoreni ambalwa alandelayo, ngacabanga ukuthi ngangiphakathi kwamademoni, ngenkathi ngikubona lokho. Ngiwabonile lamadoda amabili, enye inikeza umlayezo, enye ihumusha.

31 Angikaze ngizwe ukukhuluma ngezilimi, nezinto ezinjalo, phambilini. Ngabhekisisa leyo mimoya, ukuthi yayihamba kanjani. Ngacabanga, "O, he! Ngani, isikhathi seminyaka eyiNkulungwane esikhulu sesiqalile." Kwase kuthi-ke lapho ngithola ithuba, ngaphandle, ukukhuluma kwenye yawo futhi ngangingasho ukuthi yayenziwe ngani, kwakukhona eyodwa embi njengoba yayingaba njalo.

32 Futhi—futhi ngalobobusuku, ngawabhekisisa futhi, futhi ngacabanga, "O, ngisuse lapha. Angiqondi ukuthi kukanjani lokhu." Futhi ngabona ukuthi lezozinto zaziseBhayibhelini. Kodwa lapha kwakungenye ikwenza, eyayingenawo uMoya kaNkulunkulu; nenye ikwenza, futhi yayinawo uMoya kaNkulunkulu. Khona-ke ngangididekile ngiphelile. Futhi ngavele ngadedela yonke into ihambe.

33 Futhi eminyakeni kamuva, emva kokuba isikhukhula sesiphelile, ngangihamba, ngikhuphuka ngomgwaqo ngiya eGreen's Mill, UMnu. Isler, usigele kahulumeni, uza lapha ebandleni, wahlangabezana nami emgwaqeni, futhi wangigaxa, wathi, "Billy, usho ukuthini uKristu kuwe manje na?" Ubaba wami wayengasekho. Umfowethu wayengasekho. Nomkami wayengasekho. Ingane yami yayingasekho. Nami . . .

Wathi, "Yena usho ukuthini na?"

34 Ngathi, "Mnu. Isler, Usho okungaphezu kokuphila kimi." Ngathi, "Kukhona okwenzekile ngaphakathi kimi. Eminyakeni embalwa edlule, uKristu wafika enhliziyweni yami. Futhi ngi—ngi . . . Sekuvele kwaba ngaphezu kwalokho engiyikho qobo lwami. Yinto ethile nje eyenzekile. Bekungangenxa yokuthi ngangikholwa. Bekungenjalo. Yinto nje ukuthi uNkulunkulu, ngomusa, wangenzela yona." Futhi ngathi, "Nakuba Engangibulala, ngiyoMthemba ngokufanayo nje. Futhi ukuba bengisesihogweni, futhi bekukhona into enjengothando, esihogweni, bengisayolokhu ngiMthanda." Yilokho kuphela. Kuyinto ethile phakathi *lapha*. Uqinisile. Bengiyofanela sonke isijeziso engake ngasithola. Nawe wenza okufanayo. Kodwa uma lelohange, leyoNto ethize, lelohange lothando lukaNkulunkulu, olubambe enhliziyweni yomuntu. Ezinye izinto ziba ngokwesibili.

35 Ngihlezi ogodweni phezulu lapho, ngangikhuleka mayelana nokunye okuthize. NeBhayibheli lami lavuleka, futhi ngangifunda e. . .ngale eNcwadini yamaHeberu, isahluko 6. Futhi ngangifunda lapho, kanjani ukuthi, "Akunakwenzeka kulabo asebake bakhanyiswa, futhi benziwa abahlanganyeli bakaMoya oNgcwele, lokhu babuye bahlubuka, ukuba babuye bavuswe futhi ekuphendukeni. Ngokuba imvula ifika kaningi phezu komhlaba, ukuwunisela, ukuwulungisa, olungiselwe khona. Kodwa lokho okuseduze nokulahlwa, ameva namakhakhasi, okuseduze nokulahlwa, kuzoshiswa."

36 NoMoya oNgcwele wawulokhu ukhuluma kimi ngalokho. "Yini leyo na?" Ngangiphinda ngikufunde futhi. Futhi khona-ke umbono uyafika. Futhi ngabona umhlaba umi phambi kwami, uphenduka. Konke kwakwehlisiwe, futhi njengokulima nokulungela ukutshala. Futhi kwadlula indoda, igqoke okumhlophe, ihlwanyela izimbewu. Futhi emva kokuba isihambe ngasekudundubaleni komhlaba, enye indoda iyafika, igqoke ezimnyama, ihlwanyela imbewu emva kwayo. Futhi ngenkathi izimbewu leyondoda elungileyo eyayihlwanyelayo, imila, kwakungukolo. Futhi embi, indoda emnyama yahlwanyela, imbewu iyamila, futhi yayembethe okumnyama. Kuyaphuma, futhi kwakuwukhula. Futhi, o, enye yayiphambene nenye.

37 Futhi isomiso esikhulu siyafika, embonweni. Futhi ukolo omncane wagebisa ikhanda lawo; wawomele ukuphuza kakhulu. Futhi u—ukhula lwagebisa ikhanda lalo; lwalomele ukuphuza. Khona-ke ifu elikhulu liyafika ngaphezulu, nezimvula ziyehla. Futhi ukolo omncane waphakama futhi uqala ukumemeza, "Ayibongwe iNkosi! Ayibongwe iNkosi!" Wawujabule kakhulu ukuthola lawo manzi. Nokhula oluncane lwaphakama, lwaqala ukumpongoloza, "Ayibongwe iNkosi! Ayibongwe iNkosi!" ngamanzi afanayo.

38 Khona-ke ngaqonda. Niyabo? Nakho-ke. UMoya oNgcwele uzowa, kodwa, "Ngezithelo zabo, bayaziwa," kwasho iNkosi uJesu. Niyabo? Niyabo? Hhayi ngokuphendula kukaMoya, noma ngabe baphulukisa abagulayo, noma ngabe bakhuluma ngezilimi, noma ngabe bacula eMoyeni, noma ngabe bajabula nga*le*ndlela noma *leyo*. Bangakwenza konke lokho futhi babebelokhu besalahlekile. Yimpilo yakho ngaphakathi kuwe, isehlakalo sokuzalwa ngokusha.

39 Manje, uPawulu wayezama ukuletha lokhu kulabo baseKorinte. "Ngi. . ."

> *Ngokuba angithandi, bazalwane*, *bengi*ngathanda. . . angithandi *ningazi*, *ukuthi*. . .*okhokho bethu* bonke *bephansi kwefu*, *futhi*. . .*badabula ulwandle;*
>
> *Bonke ba*. . .*bhaphathizwa kuMose*. . .

40 Bonke baya ehlane. UJesu wathi, "Akusibona bonke abathi, 'Nkosi, Nkosi,' abayongena. Kodwa lowo owenza intando kaBaba waMi oseZulwini." Akusikhona lokho okushoyo. Ungalishumayela iVangeli futhi ube ulokhu ungolahlekile. Impela.

41 Lokhu akusiyo nje into yezinganyana ezincane. Lokhu ngokoqobo . . . Kujulile. Futhi ubuKristu akusikho nje ukuba ngokuncane, okulula, into engakholekiyo, njengokuthi, "Awu, ngizoya esontweni, futhi ngiyazi kuwumsebenzi wami ukuya khona." Lokho akusibo ubuKristu. Mfowethu, ubuKristu abunjalo . . .

42 Kuyinto ethile uNkulunkulu ayenzile. UNkulunkulu ukukhethile wena, kuKristu, futhi wakwethula njengesipho sothando, kuKristu. Futhi uma . . . Ubizo lukaNkulunkulu, ukhetho! Futhi uma sinethuba lokuba yilolo hlobo lomuntu, futhi sikwenqabe, ngenxa yezinto ezincane ezindala zezwe na? Manje lalelani njengoba siqhubeka.

Futhi bonke *badla* lokho imana *yinye yokomoya*;

43 Nikuzwile lokho na? Ivesi le 3.

*Futhi* bonke *badla* imana *yinye yokomoya*;

44 Ukhuluma ngani na? Izinkambiso zezenkolo zebandla. Abantu beza ebandleni futhi bathi sebephendukile, futhi babhaphathizwa kuKristu, bethatha iGama leNkosi uJesu. "Futhi bakwenza lokho ehlane, futhi," UPawulu washo. Yilokho abaseKorinte ababekwenzile. Bayangena futhi babhaphathizwa kuKristu. Bathatha uKristu, ngaphandle. Ngokomsebenzi babeMthathile. Ngokuhlakanipha babeMemukele.

45 Kodwa, mfowethu, kungaphezulu kakhulu kwabanobuhlakani. Kuhamba kwedlule lokho. Kuya e—ekuZaleni kwangoqobo, hhayi nje ukucabanga kwengqondo noma umsebenzi wamadlingozi. Kodwa, ukuZalwa, isehlakalo, into ethize ehamba iyothi ngqu ekujuleni enhliziyweni futhi iguquke kubuyona bangaphakathi, lokho kukwenza wenze izinto obungeke uzenze, ngamanye amazwi. Kukwenza uthande labo abangathandeki. Kukwenza uziphathi ngokwehlukile kunokuba wake wacabanga ukuthi uyoziphatha.

46 Futhi lapho izimo zivuka, ihange lakho. Awudingi ukuthi umangale, "Ngizokwenza na?" O, qhabo. Akusikhona ukuthi noma ngabe ngizokwenza. Sekuvele kwenzelwe mina. UKristu kimi, usekwenzile, qobo lwaKhe, futhi nje ngethembela ehangeni laKhe kuphela. Into emangalisayo kanjena pho!

47 Qaphelani, bonke bathatha isidlo. Lokho kukhanya okwakuphakathi . . . Siyazi ukuthi kwakuyinqubo yemvelo, ngoba kwakufana nesithwathwa esincane esine sivela eZulwini, izinkwa eziwucwecwana ezincane noju kuzo. Sona . . . Isinkwa esilucwecwana sasifana nekhekhe elihashukile,

ikhekhe elincane, futhi linoju ngaphezulu kwalo. Futhi bonke babengabahlanganyeli balokho. Wonke umuntu wadabula uLwandle oluBomvu, futhi wabhaphathizwa eFwini futhi basolwandle, kuMose. Belandlela iziyalo zakhe, njengenceku kaNkulunkulu, bonke babhaphathizelwa kuye. Bonke babengabalandeli, njengoba sinjalo namuhla, beholwa nguMoya oNgcwele, oFundisayo omkhulu weBandla lamaKristu. Siyaholwa sedlule, embhaphathizweni wamanzi.

Futhi wathi, "Bonke bathatha imana elifanayo." I . . .

48 Yini eyayenza na? Leyomana yawela kuKora neqembu lakhe, ngokufanayo nje njengoba yenza kuMose, uKalebi noJoshuwa. Bonke babexutshwe ndawonye, bonke abahlanganyeli bombhaphathizo, bonke abahlanganyela bobulunga, bonke abahlanganyeli bokuvuma izono, futhi, manje, bonke abahlanganyeli besidlo.

49 Niyakuthola na? Bhekani lesosexwayiso esinesizotha. Futhi, bafo basetabernakele, yisani lokho phansi le ekujuleni. Khumbulani, yisiphetho senu saPhakade, silenga khona lapho. Ningaveli nje nisedlule ngokungathi ukubhakuza okuncane noma okuthile. Lokhu kuyinto ethize esifanele size ngokuhlonipha kuyo. Kuyinto ethize esho ukuthi ngabe siyaphila emva kwalokhu noma qhabo.

50 Bonke babhaphathizwa kuMose, oLwandle oluBomvu. Bonke balandela lowoMuntu onguMoya ofanayo, iFu neNsika yoMlilo. Bonke wayeholwa yiNgelosi efanayo. Bonke baphuma kumelusi ofanayo. Bonke babhaphathizwa olwandle. Bonke badla leyomana yokomoya. Futhi leyomana kwakunguKristu. UKristu ehla, imana yehla njalo ebusuku ivela eZulwini, futhi yabola lapha, ukuqinisa abantu ohambweni lwabo.

51 Futhi uKristu uvela eZulwini futhi wanikela ngempilo yaKhe, ukuthi, "Yilowo nalowo okholwa nguYe angabhubhi kodwa abe nokuPhila okuphakade." UKristu wehla futhi waba yimana yethu, ukudla lezizibusiso zokomoya ezifanayo.

52 Ngakho-ke, uMoya oNgcwele ungawela phakathi ngqo phakathi kwabantu, futhi kokubili umKristu nosivivi, namakholwa ayingxenye namakholwa athiyeka emnceleni onke azodla okufanayo. Kodwa lokho akusho khona okwamanje. O, ngifisa sengathi benginamazwi, ukuthi bengingashayela phansi lokhu futhi ngikubophele enhliziyweni yawo wonke umuntu lapha. Futhi ngibone ukuthi kuyinto ejule kangakanani lokhu. Akusiyona into yokudlala ngakho. Akusikhona nje ukuya esontweni.

53 Manje, lalelani. Bonke badla imana yokomoya efanayo. Kucabangeni, imana yokomoya!

54 "O," wena uthi, "Ngiyazi ukuthi ngisindisiwe. Haleluya! Ngimemezile ngikuMoya. Ngiyakuzwa *lokhu*." Lokho akuhlanganise lutho nakho. Niyabona ukuthi sisisekele kanjani

isiphetho sethu saPhakade phezu komuzwa na? Ningabona, kulolusuku esiphila kulo manje, ukuthi abantu basekela kanjani isiphetho sabo—sabo phezu komuzwa nje omncane na? "O," uthi, "Ngiyazi nginaWo, ngoba ngi—ngizwe aMandla ehamba edabula kimi. Ngenze *lokhu*." Lokho kungahle kube yiqiniso impela, futhi usalokhu ulahlekile.

55 O, ukube besinesikhashana nje. Asiphenye nje kwabaseKorinte bokuQala 13, lapha, umzuzwana nje, futhi lalelani lokho uPawulu azokusho ngakho, khona lapha.

> *Noma ngikhuluma nge…zilimi zabantu ne… izingelosi, kepha ngingenaso isisa* (okuwuthando), *ngiyithusi elikhencezayo* nase*nsimbi*ni *encencethayo*.

> …*noma nginokuprofetha*, *ngiqonda izimfihlakalo zonke,* ngazi *konke* no*kwazi; noma nginokukholwa konke, ngangokuba ngingan*yakazisa *izintaba*, *kepha ngingenalo uthando, angiyinto yalutho*.

56 Lalelani lowo mphostoli omdala oqinile ekuqhuba ekufaka kulelibandla lomuzwa, elisekele amathemba alo phezu kwemizwa. Manje, lona nguSonto sikole. Lena indawo yokuqondisa. Lena yindawo yokufundisa. Futhi maye kumuntu oyoma epulpiti futhi adukise. Mfowethu, sekuyisikhathi sokuthi senze umBhalo uqhathaniseke nomBhalo. Kunjalo.

> *Noma ngabela abampofu konke enginakho*,…*noma nginikela umzimba wami ukuba ushiswe, kepha ngingenalo uthando*, akunginqobeli *lutho*.

57 Niyabo, yonke imisebenzi yenu emihle, zonke izenzo zenu ezinhle, zonke izinto zikomoya eninazo, zonke iziphiwo eninazo, yonke imizwa eninayo, yonke intokozo eninayo, konke ukuthula eninakho, akuhlangene ngalutho nhlobo nakho, kwasekuqaleni. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

58 Cabangani ngalokho, umzuzwana nje. Futhi cabangani ngamabandla namhlanje, amabandla ethu amakhulu, iPresbyterian, iMethodisti, iBaptisti, nawamahlelo, bacabanga ukuthi ngoba bathi, "Ngiyakholwa," bayangena, bafake igama labo encwadini, lokho kuyakuxazulula. Bakude kangakanani!

59 Abantu bakithi bePentecostal bayacabanga, awu, ngenxa yokuthi banomuzwa omncane, bazizwa bekahle, bakhuluma ngezilimi, banegazi ezandleni zabo, amafutha amancane ebusweni babo, noma okuthize, "Sinakho." O, ukuba kude ngamamayela ayizigidi eziyishumi! Niyakuthola na? Niyabona ukuthi udeveli, njengonkulunkulu walelizwe, uphuphuthekise amehlo alabo, futhi bayaqhubeka nje nokuphila kanjalo. Lalelani.

> Ngokuba *noma ngabela abampofu konke enginakho, noma nginikela umzimba wami*…*ushiswe, kepha ngingenalo uthando,*…Angi*lutho*.

60 Bukani zonke lezoziphiwo, zonke lezozinto ezinhle. "Ngabela abampofu. Nginenhliziyo enhle ngami. Ngenza *lokhu*. Ngenza *lokho*. Ngiya ebandleni. Ngikhuluma ngezilimi. Ngiyaprofetha. Ngiphulukisa abagulayo. Ngishumayela iVangeli. Ngenza lezizinto." UPawulu wathi, "Noma kunjalo, angilutho." Zonke lezozinto zingalingiswa ngokwenyama. Manje lithini na?

> *Uthando luyabekezela,...lumnene; uthando alunamhawu; uthando aluzigabisi,... aluzikhukhumezi,*
>
> *Aluzi*phathi ngokungafanele, ngokungafanelekile,... (Cabanga nje!) *alucunuki, alunagqubu;*

61 Isisa, uthando. Yini uthando na? NguNkulunkulu. UNkulunkulu uza kanjani kuwe na? NgokuZalwa. Niyabo?

62 Manje, bonke babhaphathizelwa kuMose. Bonke basidla isidlo. Bonke babenemana yokomoya efanayo evela kuNkulunkulu. Ngamunye wabo udla into efanayo.

63 Futhi, namhlanje, sima khona lapha futhi sizwe iZwi, futhi sijabule ngaLo, futhi sithathe iMana futhi siYidle, futhi sithi, "O, haleluya! Kuhle lokho. O, ngiyakuthakasela Lokho. Yebo, ngabhaphathizelwa ebandleni. Ngi—ngiyathatha futhi ngenza umsebenzi wami. Ngifaka igama lami encwadini. Ngiyilungu lomkhandlu." Konke lokho kuyize ngokuphelele uma kungekho okuthize uNkulunkulu akwenzile. Uma kukhona...Lezo yizinto ozenzile. Yizinto ukukholwa kwakho okuzivezile.

64 Kodwa, ngaphandle uma uNkulunkulu enze okuthize kuwe, ekuZalweni okusha! Umzuzwana nje manje. Manje ivesi 4.

> *Bonke baphuza kuphuza kunye* eDwaleni *lokomoya: ngoba baphuza eDwaleni lokomoya elabalandelayo: futhi leloDwala lalinguKristu.*

65 Bonke baphuza emthonjeni, bajabula. Manje-ke kusho ukuthini lokho na? Ukolo nokhula kokubili kwajabula ukuthola lawomanzi okomoya. Siya esontweni. Sishaya izandla nabo bonke. [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kathathu—Umhl.] Simemeza nabo bonke. Sigxuma phansi naphezulu kwiphansi nabo bonke. Sidumisa uNkulunkulu nabo bonke. Siyaprofetha nabo bonke. Sikhuluma ngezilimi njengabo bonke. Sikhulekela abagulayo njengabo bonke. Kodwa wathi... Manje lalelani, njengoba sihamba siqhubeka kancane nje.

66 Manje i...ngifuna ukuma umzuzu, o, ekutheni, "leloDwala lalinguKristu." IDwala lalinguKristu. Lalilapho esimweni sangoqobo, njengoba lisesimweni sokomoya namuhla. IMana, uKudla, okuyiZwi elivela kuNkulunkulu liphuma eZulwini, uKristu uyiZwi likaNkulunkulu, futhi sidla iZwi. Niyabo? Siyahlala, njengaseMlayezweni kulokhu ukusa, siyalalela. Imiphefumulo yethu iyafinyelela futhi ibambe leloZwi. Siphila

ngeZwi. Wathi, "Bonke badla leyoMana yokomoya efanayo, futhi bonke baphuza, bonke baphuza kuleloDwala lokomoya elifanayo, naleloDwala lalinguKristu." Kucabangeni.

67 Manje uzokwenzani na? Uzokuqeda lapha. Uxwayisa labo baseKorinte, "Kuqapheleni enikwenzayo. Lapho ngifika phakathi kwenu, omunye unehubo, omunye unolimi, omunye una*lokhu*, nomunye una*lokho,* omunye unesiprofetho, omunye unesambulo, omunye wenza *lokhu*, futhi omunye wenza *lokho*." Qaphelani. Ungasekeli ukukholwa kwakho phezu kwalokho. Lezozinto zilungile, zinendawo yazo, nasebandleni, kodwa ungalokothi usekele insindiso yakho kulokho. Uma impilo yakho ingalinganisani neZwi likaNkulunkulu, khona-ke sekuyisikhathi sokuba ulungisane noNkulunkulu.

68 Qaphelani, manje, futhi, leliDwala, leliDwala laliyiDwala elalisehlane.

69 Futhi ngifuna niqaphele, ngenkathi uNkulunkulu ebiza uMose, futhi wamthumela ezansi eGibithe ukuba akhulule abantwana bakwa-Israyeli ngaphansi kwejoka likaFaro, Wathi, "Yini leyo esesandleni sakho na?"

Futhi wathi, "Yinduku."

70 Futhi wathatha induku wayiphonsa emhlabathini, futhi yaphenduka inyoka. Futhi yena, uMose, wabaleka. Wabe-ke eseyicosha, futhi yaphenduka induku esandleni sakhe.

71 Naleyontonga, lapho efika eGibhithe, wayelulela phezu kweGibhithe, futhi izimpukane ziyakhuphuka. Wayelula, futhi izinhlupho zawa. Kwakungukwehlulela kukaNkulunkulu. Ukwahlulela kukaNkulunkulu kwakusekwelulweni kwenduku.

72 Bese kuthi-ke, qaphelani, ngaphambi kokuba leyonduku iphathwe ngempela. UMose wafaka isandla sakhe esifubeni sakhe, saba wuchoko.

73 Njengoba wonke umuntu enjalo, kwasekuqaleni nje, isoni ngokwemvelo. Ayikho indlela ngakukho. Wena uzalelwe esonweni, wabunjwa ebubini, ufika emhlabeni ukhuluma amanga. Kungenzeka ukuthi wabusiswa e-altare lebandla likamama wakho. Kungenzeka ukuthi ufafaziwe. Kungenzeka ukuthi ubuyi*lokhu*, *lokho*. Kodwa wena yisoni, kwasekuqaleni nje.

74 Khona-ke, kukhona okunye. UNkulunkulu wathi, "Buyisela isandla sakho esifubeni sakho." Phezu kwenhliziyo yakhe, wabeka izandla zakhe futhi, ekuthunyweni nguNkulunkulu, lapho esazalwa khona. Okokuqala, isandla sakhe sinochoko. Wena wazalwa nguNkulunkulu, okokuqala, uyisoni; hhayi ngokuzikhethela, kodwa ngokwemvelo; bese kuthi-ke ubuyela emuva futhi. Futhi lapho ephuma, isandla sasihlanzekile futhi siphelele, kukhombisa ukuthi lesisandla, ngaphambi kokuba sivayizelise intonga yokwahlulela, kwakufanele kube yisandla

esihlanziwe, ngaphambi kokuthi sivayizelise. Futhi noma yimuphi umfundisi, noma yimuphi uthisha . . .

75 Ngizwe into ethize kulokhu ukusa okujiyise igazi lami ngempela, ngenkathi ngivula umsakazo wami, ngaphambi nje kokuba ngize. Kungesikho ukunganaki; futhi uma kukhona noma ubani lapha, ohlobene nomuntu, angiqondile ukukulimaza. Kodwa yisikhathi . . . Futhi uNkulunkulu angisize ukuba ngihlale ngingumKristu ngokwenele ukubeka, ukwenza lokho okumnyama kube mnyama, nokumhlophe kube mhlophe, ukuba ngethembeke.

76 Ngezwa umuntu othize ecula, futhi wathi, “Nginesivumelwano sami.” Futhi wavula futhi wafunda umBhalo, futhi washumayela ngokusuka eHubweni lokuqala, “Ubusisiwe umuntu ongahlali esihlalweni sabaklolodayo, ohamba endleleni yezoni.” Niyazi ukuthi kwakungubani na? Lowomfo womculo wokuzibinya, uJimmy Osborne emsakazweni, eshumayela iVangeli.

77 O, mfowethu, uma kwake kwaba khona ihlazo! Umuntu onjalo akanamsebenzi wokuhamba angene eZwini likaNkulunkulu ophilayo. Futhi nithatha lomfo kwi-Renfro Valley Barn Dance, bengalele ubusuku bonke edilini elinomsindo elidala, beshaya izandla zabo futhi beqhubeka edilini elinomsindo elidala. Futhi ngakusasa ekuseni, aguqule iphimbo lakhe futhi akhulume njengomKristu. Futhi, ngani, kuyinhlamba nokungcola emehlweni kaNkulunkulu.

78 Isandla esivayizelisa leNtonga yokwahlulela sifanele sihlanzwe ngaMandla nokuvuka kukaKristu. Akanamsebenzi wokuphatha iZwi likaNkulunkulu. Ngisho inqwaba yabashumayeli abazama ukuphendulela lo-Elvis Presley, okungelutho emhlabeni ngaphandle kukaJuda Iskariyothe wesimodeni. UJuda Iskariyothe wathola izinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu; u-Elvis Presley uthole isigidi samadola noxhaxha loCadillac. Kodwa, wathengisa. Wayeyikholwa eliyiPentecostal, futhi wathengisa ngobuzibulo bakhe ukuba abe wumculo wokuzibinya, futhi uphefumulelwe ngudeveli. Futhi angincengi ngakho. Qhabo, mnumzane. NoJuda Iskariyothe wesimodeni.

79 Futhi, manje-ke, ngisho nabefundisi bezama ukwakha lolohlobo lwento. Futhi u-Elvis Presley ethi, “Ya, ngethemba uNkulunkulu ngayo yonke impumelelo yami.” Angakwenza kanjani ophilayo, uNkulunkulu ongcwele eke anikeze impumelelo entweni enenhlamba nodeveli, enobudemoni na?

80 Lokho kube ngesinye sezithiyo ezinkulu lesisizwe esike sazibona, ngumfo onjengo-Elvis Presley oye wathumela izigidi zemiphefumulo esihogweni, ngeyakhe engcolile endala, into enyanyekayo yomculo wokuzibinya. Impela. Anginakho ukuxolisa, nhlobo. Uma ungangikholwa ukuthi

ngingumprofethi kaNkulunkulu, khumbula, kukhona udeveli ongene kumuntu. Ngokoqobo.

81 Futhi uJimmy Osborne nalabo abanamsebenzi ngeZwi likaNkulunkulu. Kanjalo akekho noyedwa umuntu ophatha ngeze igama likaNkulunkulu, emadilini anomsindo nemidanso nomculo wokuzibinya omdala nezinto ezinenhlamba kanjalo, ukuba eze kunoma yiliphi ipulpiti nokuzama ukuthatha iZwi likaNkulunkulu.

82 Yileyo indaba ngalamabandla amaningi namhlanje, uthola abanye balobodum-dumu abadadlana phandle kulezizindawo phandle lapha. Intombazanyana endala ephumile isedili lomsindo futhi yenza konke lokhu lapha umculo wokuzibinya, ngobunye ubusuku; futhi iza e-altare, futhi ngobusuku obulandelayo unayo phezulu icula elikhethekile. Abanye benu bafo nikhiphela ngaphandle labo badlali besiginci abadala ezindaweni ngaleya kumaniyithiklabhu, futhi nimbeke epulpiti, eshumayela, emavikini amabili.

83 Mfowethu, ngiyakutshela, ubengeke akwenze lapha. Qhabo, impela. Ufanele afundisise, ukuze azifakazise qobo lwakhe ukuthi uyindoda kaNkulunkulu, futhi athole. Asikholelwa kulokhu lapha ukugxumagxuma ubusuku bonke kanje. Yilokho okwenza ibandla libe sesimweni esikuso namuhla.

84 Sidinga iQiniso. LeliZwi liyiQiniso. Kunjalo. Isandla esishwiba leNtonga yokwahlulela kumele kube yisandla esihlanzekile. Ngokoqobo.

85 Leso sandla sokwahlulela sikaMose sahlanzwa, kwase kufakwa intonga kuso. Futhi intonga yehla futhi yaletha izahlulelo phezu kuka-Israyeli.

86 Kwase kuthi-ke, ehlane, leso sifanekiso esihle. Futhi ngifanele ngivale. Lesi sifanekiso esihle salapho kwakhona iDwala, "naleloDwala lalinguKristu."

87 Futhi abantu ababhubhayo babefa, ngenxa yamanzi, futhi kwakubafanele. Kwakubafanele ukufa ngoba babekhononile. Babekhonondile. Babengewona amakholwa, ekuqaleni. Babengeyilutho ngaphandle kwamakholwa ayizihlakani. Bona . . . O—okungaphezu kwemvelo kwakwenziwe, futhi isixuku esixubile sasiphumile. Babengaphendukile ngokusuka enhliziyweni yabo.

88 Babebathathu kuphela esigejaneni, esibaziyo; uMose, u-Aroni, noKalebi, uMiriyamu.

89 NoMiriyamu wakhombisa ukumbuluza kwakhe, naye, ngenkathi ehleka, ngoba uMose washada lentombazane eyiNigro. Futhi wathi, "Ayengekho yini amanye amantombazane ukuba ashadwe, nokunye nokunye na? Wayengakwenza." Futhi uNkulunkulu akajabulanga ngalokho, futhi wamshaya ngochoko.

90 Futhi umfowabo uqobo wamemeza kakhulu, wathi, "Uzoyekela udadewenu afe kanjalo na?"

91 Futhi uNkulunkulu watshela uMose ukuba eze phambi kwaKhe. Futhi wahamba futhi wanxusa ngo—ngoMiriyamu. Akaphilanga kade emva kwalokho.

92 Qhabo, mfowethu. Lokho uNkulunkulu akwenzayo kuphelele. Asinamsebenzi, ngezingqondo zethu, ukubeka noma yini kuKho. Kushiye nje ngendlela oKungayo. UNkulunkulu wakwenza; uNkulunkulu waKusho; lokho kuyakuxazulula. Kuthathe nje. Angazi ukuthi kanjani khona . . . Uma bengingakuchaza, khona-ke bengiyolingana noNkulunkulu. Angikwazi ukuKuchaza. NgiyaKukholwa nje. Yilokho kuphela. Yilokho kuphela engicelwe ukuba ngikwenze. Akukho-muntu ocelwe ukuba akuchaze, ngoba kungaphezu kokuhlakanipha kwethu, kungaphezu kobuhlakani bethu. NguNkulunkulu okwenzayo, ngakho ngeke kwachazwa. Ngiyakwemukela nje, ngokukholwa, futhi ngithi, "Yimpahla yomnikazi yami, futhi ngiyakukholwa." Angikwazi ukukuchaza.

93 Ukuthi lelidwala lilele kanjani lapho! UNkulunkulu wayenedwala, elaligcwele amanzi, idwala elincane mhlawumbe elingelikhulu kunalelodeski. Kodwa lapho uMose eshaya lelidwala, kwakunamanzi enele aphuma kulo ukuphuzisa abantu abayizigidi ezimbili. Futhi hhayi lokho kuphela, kodwa izinkomo eziningi nezimvu nezinto ababenazo nazo.

94 O, lapho ngibona abanye balaba baculi, abapenda izithombe, ithonsi elincane—elincane liconsa liphuma edwaleni, nenganyana imi lapho ne—nebhakede elincane esandleni sakhe! O, akukaze kufike kanjalo.

95 Kuphuma ngezimpophomo eziningi eziphophozayo. Kwaphuzisa abantu abangaphezu kwezigidi ezimbili, ngaphandle kwamakamela abo nazo zonke izilwane zabo. "NaleloDwala kwakunguKristu Jesu." Umfanekiso omuhle kuJohane 3:16. "UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuze wonke okholwa kuYo angabhubhi, kodwa abe nokuPhila okuPhakade."

96 Futhi qaphela ukuthi kwenzekani. Indlela kuphela ababengakhipha ngayo lawomanzi kulelodwala, intonga yokwahlulela yadingeka ishaye idwala. Futhi uMose washaya iDwala, futhi isahlulelo sikaNkulunkulu sashaya phezu kweDwala. Futhi lapho ikwenza, lakhipha amanzi alo.

97 Abantu babengokoqobo . . . UNkulunkulu wayelungile, ekubadedeleni bafe, ngoba babengaMkholwanga, babenjalo, abahlazisayo, babenonya, kwakungabafanele ukuphila, ngisho noMose wababiza nga "bahlubuki," amahlubuka kuNkulunkulu, futhi kwakubabefanele ukufa.

98 Futhi sonke sasifanelwe ukufa ngoba singabahlubuki kuNkulunkulu. Abakhethiwe . . . Qaphelani, sonke kusifanele

ukufa. Kodwa, uNkulunkulu unesihe kakhulu! Wayengafanele neze acabange ngathi. Kodwa, Unesihawu kakhulu, waze Wathatha izono zethu sonke, futhi washaya phezu kweNdodana yaKhe uQobo ethandekayo, uKristu; ukuze singabhubhi, kodwa sibe nokuPhila okuPhakade. Besingaphuza kanjani kuleloDwala, bese-ke singabi kahle enhliziyweni yethu na?

99 Kodwa, mfowethu, kukhona izigidi zabo, kulokhu ukusa, abakwenzayo. Kunjalo impela. Bethemba ngoba bangamaBaptisti, noma iMethodisti, noma iPentecostal. Bathembile ngoba babenomuzwa omncane oxakile, ngoba bakhulume ngezilimi, ngoba bamemezile, ngoba basinile, ngoba babenenkonzo yokuphulukisa futhi uNkulunkulu waphulukisa abagulayo, noma into abathembele kuyo, ngoba babenesambulo (sasiyiqiniso,) ngoba benza *lokhu*. Lezozinto zilungile, akukho engingakusho ngokumelene nazo, kodwa lokho akuhlangene ngalutho nensindiso yakho, akukho neyodwa into. Ungathululela amafutha ezandleni zakho aze ahambe ngegalani, noma igazi liphume ebusweni bakho, futhi kube kulokhu kungasho lutho. Kunjalo.

100 UPawulu wathi, “Bengingakhuluma ngezilimi njengabantu neziNgelosi, futhi ngibe ngilokhu ngilahlekile.” Nakuba bengingaba nokuhlakanipha nolwazi, futhi ngikwazi ukuma futhi ngichaze leloBhayibheli, ukuLenza nje libukeke, ukuLihlanganisa ndawonye, lokho noma kunjalo akuhlanganise lutho nakho.

101 Mfowethu, bonke baphuza eDalweni elifanayo. “Lelo Dwala lalinguKristu.”

102 Izahlulelo zaziphezu kukaKristu, ukuze ube nelungelo lokuza futhi uphuze. Kungubuhle bukaNkulunkulu kuwe, ukuthi uyafika uphuze. Kungubuhle bukaNkulunkulu kuwe, ukuthi udla eZwini. Ubuhle bukaNkulunkulu kuwe, ukuthi Ukuvumele ukuba ubhaphathizwe. Ubuhle bukaNkulunkulu kuwe, ukukwenza isakhamuzi, ukukunika impilo, ukukuhlalisa ebandleni kulokhu ukusa. Kungubuhle bukaNkulunkulu. Yilobo bonke ubuhle bukaNkulunkulu.

103 Kodwa kuthiwani ngobuhle bakho ububuyisela kuNkulunkulu na? Uyavuma ukunikela yonke into, wonke umcabango, wonke umnyakazo, yonke into kuYe na? Yilokho—yilokho uNkulunkulu akwenzele khona. Uzomenzelani Yena na?

104 Qaphelani, ake sifunde amanye amavesi athi awabe mabili. Futhi ngi—ngizovala, ukuze umelusi ezothola izwi lakhe. Manje bukani. “Futhi iDwala elifanayo lalinguKristu.” Manje ivesi le 5.

> *Kepha abaningi babo uNkulunkulu waye . . . ngathokozi: . . .*

105 Niyabo? Wabavumela ukuba babhaphathizwe. Wabavumela ukuba badle iZwi futhi baLikholwe. Wabavumela ukuba bathole

izibusiso zokomoya. Wabavumela ukuba baphuze eDwaleni lokomoya. Konke lokho uNkulunkulu akwenza, ngomusa waKhe, kodwa, nokho, uNkulunkulu wayengathokozile ngabo. Bukani.

*. . .ngokuba bashaywa phansi ehlane.*

106 Emva kwazo zonke lezi zehlakalo, emva kwazo zonke izinkonzo zethu zokuphulukisa ezinkulu esizibonile, emva kwazo zonke izimangaliso ezinkulu esizibonile zenziwa, emva kwayo yonke imizwa emikhulu esibe nayo, yokumemeza nokudumisa uNkulunkulu, siphuza kuleloDwala, zonke izintshumayelo ezinhle esizijabulele, futhi nokho sichithwe. Yonke indawo! [UMfowethu Branham ungqongqoza kanye epulpiti—Umhl.] “Sukani kiMi, nina benzi bokubi. Angikaze ngize nginazi.”

107 Hlola! Sinemvuselelo ezayo. Ngiyazi lokhu kunzima. Kodwa, mfowethu, noma yimuphi ubaba ongeke abaqondise abantwana bakhe akasuye ubabayi olungile. Kunjalo. “Ukuchithwa.”

*Kepha lokhu kwaba yizibonelo kithi, . . .*

108 UPawulu ekhuluma. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kwakuyisibonelo. Kulungile.

*. . .size singafisi okubi, njengalokhu bona babekufisa.*

109 Ubungathini nje indoda imile, lowo ngujoki, udijeyi wamacwecwe, futhi edlala umculo wokuzibinya ongcolile omdala, futhi, “iNto ethize yenzeka, futhi ngaba nakho konke ukushukuma,” nalo lonke lolohlobo lwamaculo amadala angcolile u-Elvis Presley nalababafo abawadlalayo, bese-ke beyabuya futhi balingise ukushumayela iVangeli na? Kucabangeni! [UMfowethu Branham ungqongqothe epulpiti izikhathi eziyishumi—Umhl.]

110 Ungathini nje owesilisa nowesifazane behlezi phandle, nowesifazane elele ngaphandle egcekeni elingemuva, futhi egqoke ezindadlana ezibukeka zingcolile, izingubo ezinguhhafu, eziphonsa phambi kwamadoda, bese-ke eyabuya ngqo futhi aphuze kuleliDwala lokomoya, futhi amemeze futhi aqhubeke na?

111 Kunemfundiso enkulu phakathi kwabantu bePentecostal, yenkululeko yabesifazane. Bagqoke amakhulu, amacici amade, futhi—futhi benza zonke izinhlobo zokugqoka.

112 Futhi umfo osemncane wahlala phambi kwendlu yami, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ethrakhini elincane, ekhala, ukuthi umkakhe. . .IPentecostal, likhuluma ngezilimi, linikeza isiprofetho. Impela. Futhi uthi, “Lonke ibandla lonke ligqoka izikhindi.” Futhi yena. . .“Uphumela estaladini, ngehora lesishiyagalombili nelesishiyagalolunye ebusuku, ecosha izinqamu zikasikilidi labo abanye abazilahlile, futhi ebhema. Futhi esamemeza, edumisa iNkosi, futhi benikeza isiprofetho.”

113 Ngama ngolunye usuku ebandleni, lapho indoda enkulu kaNkulunkulu, enginokuyihlonipha kakhulu, futhi yayidalula lokhu. Ngemva kokuba enye yamadoda, engenye yenhloko yalo, iyaphuma, futhi—futhi inalo lonke leligazi liphuma ezandleni zabo nezinto. Futhi sengishe izwi, ngisuka empumalanga, ngisuka entshonalanga, ngizama ukuyilahla ngecala leyonto, ezinkundleni zeBhayibheli. Lapho, kungesikho okukaNkulunkulu.

114 Noma yiliphi igazi elizoke liphume kuKristu bekungaba yiGazi ngokomzimba, khona-ke uMzimba waKhe womuntu ulapha, khona-ke ukuFika kwesibili sekuphelile. UJesu wathi, "Ningakholwa uma bethi, 'Bhekani, Usehlane.' Ningakholwa, lapho, 'Ulapha.' Ningakukholwa,. Ngokuba kuyakuvela oKristu bamanga, nabaprofethi bamanga, futhi bayokhombisa izibonakaliso nezimanga, kangangokuthi bekuyodukisa nabakhethiweyo impela." Futhi ngikumemezile kusukela empumalanga kuya entshonalanga.

115 Futhi ekugcineni, eWest Coast, uDkt. Canada omdala, ongumngane wami wesifuba, wasukuma. Futhi enye indoda, eyayingumphathi wendoda ethize eyaqala lokhu, omunye waleminyakazo, ikhuphukela lapho futhi inikeza okukhulu kakhulu. . . Yathi, "Amafutha ahlanzekile negazi elingcwele. Igazi lethu lizokhonjiswa namuhla." Futhi bayigcwalisa indawo phama. Futhi yakhombisa ukuthi kanjani, ngaphansi kwebhande layo, yayinezinalithi ezimbili ezinamathele phansi.

116 Noma ubani uyazi ukuthi ungawudoncula lomunwe, futhi angeke wophe ngaphandle kokuthi uwusenge noma uwukhame. Ufaka imbobo kuwo, angeke ukwenze, ngoba imithambo ikude kakhulu nalapho. Futhi ngenkathi ekwenzile, wakhombisa ukuthi ukwenze kanjani.

117 Wayenamafutha emuva *lapha*, wabeka izandla zakhe phezu kwawo. Wabe-ke esekhuphuka futhi wathi, "Niyasibona isandla sami, siphelele nje ngokujwayelekile." Wabe-ke esethi, "Udumo kuNkulunkulu! Haleluya!" Wabe esesenga izandla zakhe phansi ka *njalo*. Impela, kwakukhona igazi elikhanywe eminweni yakhe. Ngenkathi wonke umuntu wayesamemeza, wesula ikhanda lakhe, futhi kwakukhona isiphambano. Ngenkathi, yona impela indoda eyayikanye nendoda eyakwenza, kwakulapho-ke, kwadalulwa ngqo phandle lapho ngaphambi kwezethameli, futhi ne. . . kwangena ephaketheni lakhe, ukukhombisa amafutha nezinto.

118 Omunye wabeka inhliziyo odongeni, wayesethi, "Loludonga luphefumula iGazi likaJesu. Leyo yinhliziyo kaJesu." Omkhulu omdala waseTexas wangena, wayengethukile. Wathi, "Uma noma ubani ethinte lokho, babezokufa." Babenezintambo. Bonke banezithombe zakho nakho konke, lapho, lapho loludonga lwaluyokopha khona, luphefumula igazi liphuma

enhliziyweni. Nalomfo uyangena futhi uthi shelele ungena ebandleni, yena nomkakhe, bageza upende wasuka odongeni, futhi bahlala emuva phandle lapho futhi balinda. Lapho bengena umelusi wathi, "Awu, niyazi, uJesu ubekade ephakathi lapha futhi wakususa lokho."

119 Wathi, "UJesu ubengahlanganise lutho nakho. Ngikwenzile, qobo lwami." Kunjalo.

120 Kwenzekeni na? Kungenxa yokuthi abantu abagxilile, eZwini likaNkulunkulu ophilayo. IBhayibheli alisho ukuthi, "Bayohamba besuka empumalanga, besuka entshonalanga, besuka enyakatho, naseningizimu. Kuyoba khona indlala, hhayi yesinkwa namanzi kuphela, kodwa yokuzwa iZwi likaNkulunkulu"? Usuku olunje pho esiphila kulo!

121 Futhi siyabona manje ukuthi onke lamabandla amakhulu amahlelo onke azihlanganisa ndawonye, futhi sekufike endaweni yokuthi ufanele ube ngowalelilungu lenhlangano yamabandla ngaphambi kokuthi uze ube ngisho nomsakazo. Usukile emsakazweni. Mfana, ungalokothi ukhathazeke ngalokho. Futhi zonke ezinye zinjalo, nazo, nazo zonke izinhlelo zethelevishini. Uzofanele ube yilungu lenhlangano yamabandla ngaphambi kokuthi ukwenze. Futhi uma wenza lokho, awubumbi lutho ezweni kodwa uphawu lwesilo, lweBhayibheli. Nakho lapho okhona. Niyabona ukuthi konke kuhlanganiswe kanjani ndawonye na?

122 O, makabongwe uNkulunkulu, ukhona ngempela uNkulunkulu ophilayo. Ikhona ngempela iNkosi yeqiniso. Likhona ngempela iZwi leqiniso. Kukhona ngempela ukuphulukiswa kweqiniso. Kukhona ngempela kweazo zonke kwalezizinto. Kodwa, mfowethu, ungalinge usekele ukukholwa kwakho phezu komuzwa omncane othize, phezu kwenqubo yebandla, phezu kokuthatha isidlo, phezu kokudla eDwaleni lokomoya.

123 Wena uthi, "Ngiyakwazi *lokhu,* mfowethu. Ngimhlolile uNkulunkulu." Lokho kungahle kube yiqiniso impela. Kodwa nhloboni yendawo eliwele kuyo na? Lokho yinto elandelayo. Nhloboni yebhakede okungene kulo na? "Ukulunga nokungalungi." Manje lalelani.

> *Kepha lokhu . . .* zazi*yizibonelo*, *size singafisi okubi, njengalokhu bona babekufisa.*

124 Yayiyini inkanuko yabo na? Manje, lalelani, ngifuna ukuqhubekela phambili nje kancanyanyana, uma nizongixolela.

> *Futhi ningabi-ngabakhonza izithombe, . . .*

125 O, wena uthi, "Ngiyambonga uNkulunkulu, angiyena okhonza izithombe." Linda nje umzuzu. Asikuhlolisise ngeZwi. Uthi, "Bengingeke ngikhonze isithixo." Lokho akusho ukuthi ngempela ukhonza isithixo. Ufanele nje ube ngovilaphayo,

ungenzi lutho. Uye esontweni, "Ya, lokho kulungile." Ubuyele ekhaya, ungenzi lutho ngaLo.

126 Mfowethu, owesilisa ozelwe ngokusha ngempela noma owesifazane angeke ame athule. Kukhona Okuthize kubo. Bafanele bafakaze. Bafanele benze okuthize. Babophezekile ukuthi benze okuthile. Angeke bathule. Lalela.

> *Futhi ningabi abakhonza izithombe, nje* (bona) *ngabanye kubo; njengokulotshiweyo ukuthi, Abantu bahlala phansi ukuba badle, baphuze, basukuma ukuba badlale.*

127 Ukhuluma ngani uPawulu na? Izibonelo. Babhaphathizelwa ebandleni. Impela babenombhaphathizo oqondile. Kanye; kathathu phambili; emuva; egameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele; uJesu yedwa; noma ngabe kwakuyini, babenombhaphathizo oqondile, babhaphathizwa kahle. Siyaqophisana futhi sikhathazeke, futhi siphikisane ngezinto ezincane kanjalo. Kusiza ngani na? Nishiya umgomo omkhulu. Amabandla ethu ahlukene, ngombhaphathizo. Impela.

128 Khona-ke wena uthi, "O, haleluya! Abanaso isibusiso sokomoya esinaso. Babanda kakhulu, bayibongegama nje. Udumo kuNkulunkulu, ngidla iMana kaNkulunkulu yangempela. Ngiyazi ukuthi IyiQiniso." Lokho yiqiniso ngempela, kodwa kwenza mehluko muni lokho na? Wena uthi, "Mfowethu, ngi . . . U—uMoya oNgcwele ngempela uwele ebandleni lethu." Kuhle lokho, kodwa kwenza mehluko muni kuwe, uma ungelona uhlobo olulungile lwesitsha Wona owela kuso na? Khumbula.

129 O, wena uthi, "Ngiqotho." Nabo babenjalo. Bashiya amakhaya abo futhi baphuma, baze bakhipha intamo yabo, ukuze ukufa kulandele. Benze okuningi kakhulu kunalokho okumele sikwenze. Lokho kwakungahlangene ngalutho nakho. Cabanga nje.

130 IBhayibheli lathi, "BaNgikhonza ngeze. BaNgikhonza ngeze." Ukukhonza kweqiniso kwangempela, ngeze. Kwaqala kuphi na? Kwathi ngqu ensimini yase-Edene, uKayini. Wakhonza uNkulunkulu ngendlela efanayo njengoba kwenza u-Abela, kodwa waMkhonza ngeze. Yebo, mnumzane. "Kukhona indlela ebonakala ilungile kumuntu."

131 Wena uthi, "Awu, kungani kunjalo na? Manje sengiphendukile. Kungani ukuthi angikho kahle na? Ngaphenduka. Ngicabanga ukuthi ngimuhle njengawo wonke umuntu. Ngiya esontweni. Ngibhaphathiziwe. Ngithola izibusiso zikaNkulunkulu. Ngiyayithanda intshumayelo enhle. Ngiyalithanda iZwi likaNkulunkulu. Ngiyathanda ukuLifunda. Futhi ngithola izibusiso zokomoya, futhi. Futhi, haleluya, ngingaprofetha. Ngingakhuluma ngezilimi. Ngenze zonke izinto, futhi uqonde ukuthi 'kuyize'?"

132 Manje, angisho ukuthi kuyize, kodwa kungenzeka ukuthi kungaba yize. Kunjalo. Kuya ngokuthi uyini phakathi *lapho*, kunjalo, yilokho oyikho owemukela lokhu. Uma ungakazalwa ngokusha, uma empeleni kungekho okuthize kuwe, khonake kuyize. Zonke izibusiso, engingafanele ngizenze. Manje okukodwa futhi.

> *Futhi asingenzi ubufebe, njengokuba abanye kubo benza ubufebe, bafa ngalusuku lunye abayizinkulungwane ezingamashumi amabili nantathu.*

133 "Benza ubufebe," lobo ubufebe bokomoya. Ukube besinesikhathi . . . USonto sikole usuphelile. Ubufebe bokomoya!

> *Futhi asingalingi uKristu, njengabanye kubo balinga, babhujiswa yizinyoka.*

> *Futhi ningakhononi, njengabanye kubo . . . bakhonona, babhujiswa ngumbulali.*

134 Ukukhonona, ukukhanuka, ukuxuba izwe nenkolo yakho, ukuphuma . . . UNkulunkulu uyakuthanda ukuhlanzeka, ubumsulwa bangempela.

135 Kulokhu ukusa, bengikhuluma. Ngicabangile, "Ini . . ." Manje, sengivala, ngicabange lokhu: "Yini emnandi empilweni yendoda na? Yini emnandi kunokuza ekhaya, lapho ikhathele futhi ikhandlekile, iphethe ibhakede layo elincane esandleni sayo, iphuma ekusebenzeni usuku lonke, noma ukulima, kumbe noma ngabe ingaba yini, ukuba ingene futhi ibe nonkosikazi othandekayo ukuba ayihlangabeze emnyango na? Ihlale phansi emathangeni akhe owesifazane umzuzu, futhi ayibhulashe ishiya layo kancane, futhi ayange esihlathini, futhi ayigaxe ngezingalo, futhi athi, 'S'thandwa, ngi—ngiyazi ukuthi ukhathele, usebenze kanzima.' Ayiduduze."

136 Yazi kahle kanjani ukuthi leyongalo, eyigaxile, ingeyayo ngokoqobo. Ngeyayo. Ayilokothi neze igaxe enye indoda noma esinye isifiso. Ukwanga okusesihlathini sayo kuvela kweyangempela, emsulwa, inhliziyo engcwele eyithandayo nje, futhi yona yodwa. Kukwenza kanjani wena . . . Ngiyazi, kukwenza uqhunsule isifuba sakho, uthi, "O, angisakhathele kangako, empeleni." Niyabo? Yilokho-ke. Kwenza okuthile kuwe.

137 Ngifuna ukunitshela okuthize. Kodwa kuthiwani uma lokho kwanga okusesihlathini sayo futhi ayikwethembi na? Kungenzeka ukuthi bekusesihlathini senye indoda. Bekungathiwani uma lezozingalo eziyigaxile bezikade zisingethe wonke umuntu, futhi zisafisa ukwenza okufanayo na? Bekungeke kusho okukhulu kakhulu. Akukho okuningi okubambile lapho. Ngani na?

138 Manje, ekuqaleni, babemunye. UNkulunkulu, ngenkathi Enza umuntu, Wamenza umuntu okabili, kokubili owesilisa nowesifazane. Wamehlukanisa owesilisa, enyameni; futhi wambeka lapha emhlabeni, enyameni, futhi ingxenye yesifazane yayisesemoyeni.

139 Buka, mngane, uNkulunkulu wayeqaphele kakhulu. O, kanjani lokhu...Ungakuvumeli kukushiye. UNkulunkulu akazange athole uthuli olungagcwala isandla futhi wenza uEva; wayekade eyindalo ehlukile. Futhi akayona indalo. Ungumkhiqizo ovela kamuva. Futhi uNkulunkulu uya ngale enhliziyweni ka-Adamu, lolubambo, oluphuma ngqo ngaphansi kwenhliziyo yakhe, futhi uthatha ubambo futhi wenza unkosikazi. Futhi yona kanye ingxenye yomoya ka-Adamu yayikowesifazane, futhi bobabili bamunye; umphefumulo, umzimba, umoya, bamunye. Bawubunye obuphelele. Owesifazane wangempela...Futhi umyeni wangempela, unkosikazi wangempela, bamunye, ndawonye.

140 Kungumfanekiso wani na? KaKristu, ephuma esifubeni saKhe! Hhayi umkhiqizo ovela kamuva, hhayi iMethodisti, noma iBaptisti, noma ukuchanyuselwa kwePentecostal. Qhabo, mnumzane. Kodwa okuphuma enhliziyweni yaKhe uQobo, Wathatha iSithandwa esimsulwa futhi esithembekile njengoba Engaba njalo. Uthembekile njengomnduze.

141 Buka e, buka emuva lapho kuSolomoni ekhuluma, "Woza, sithandwa sami, asihambe phakathi kwamapomegranathi. Masithathe ukugcwala kothando lwethu." Futhi lapho ikholwa langempela livula izingalo zalo ngenhliziyo emsulwa, futhi ubambelele kuKristu, lolothando lwaleso sithandwa sikaKristu lungena esifubeni saKhe. NguNkosikazi waKhe, njengoba nje umyeni enza kunkosikazi wangempela.

142 Hlobo luni lomuntu esifanele sibe yilo na? Ngabe sidlala ubufebe, noKristu na? Ngabe sithembele kokuthile okuncane, nokulandelana nezwe nezinto zezwe, nomqondo wezwe, hhayi lolothando lwangempela nokuzinikela esifanele sibe nakho na?

143 Ubungathini, he, ungathini umkakho, mfowethu, efika futhi ahlale emathangeni akho nesiketi sakhe esingaqondakali esiyinkimbinkimbi esincane neziketi zakhe zangaphansi ezincane nezinto zoleyisi, nezinwele zakhe ezincane zenziwe kahle, nayo yonke into kanjalo na? Akugaxe ngengalo yakhe, athi, "O, John, ngiyakuthanda nje." [UMfowethu Branham wenza imisindo eminingi yokwanga—Umhl.] "Ngiyakuthanda." Futhi uyazi ngaso lesosikhathi ukuthi kukhona okungalungile. Awumethembi, kungakhathaleki ukuthi ubukeka emuhle kangakanani, kungakhathaleki ukuthi uzilungise kahle kanjani. Wena, uma ungenakho lokho kumethemba okuphelele kuye, kukhona okungalungile. Akwenzi—akusenelisi leso sifiso indoda ebingaba naso ngomkayo.

144 Futhi manje cabanga nje ngawe uzilulaza nezwe futhi uzithandela nezwe, futhi uguqe ngamadolo akho, uthi, "O Nkosi Jesu, ngiyaKuthanda." Kungokuvuthayo, kukaJuda, ukwanga kokuzenzisa. Kunjalo. Cabanga ngalezizinto. Kukhona imvuselelo ezayo manje. Niyabo?

145 O, ungahle ufake indandatho yomshado, kunjalo, kodwa awuyena unkosikazi. O, ungahle ube ngowesifazane. Ungahle ube yinenekazi lendlu, kodwa awusiye unkosikazi uma uziphatha kanjalo.

146 Futhi awusiye umKristu wangempela, awusiwo umkhiqizo wangempela kaKristu, uma ungaMthandi kukho konke onakho ngaphakathi kuwe.

147 Angikhathali noma ubukeka umuhle, noma awunjalo, uyaMthanda futhi uyaziveza. Kulapho nina nobabili niba munye; kungalesosikhathi uKristu neBandla laKhe. Hhayi ngehlelo, hhayi ngombhaphathizo, hhayi ngemizwa; hhayi ngalutho kodwa ngothando lwangempela wathengwa, esifubeni sikaNkulunkulu, ngenkathi Elinyazwa lapho futhi Wakuthenga. Futhi uthando lwakho, nokuba neqiniso kwakho, nokwethembeka kwakho, kuyafakaza ukuthi uyini. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Kungakhathaleki ukuthi ushwabebene wonke, noma ngabe wena . . .

148 Anginandaba uma umkami ubengeke azikame izinwele zakhe, uma engayigqokanga ingubo enhle, noma engalokothi . . . Lapho, uyoba yisithandwa sami. Ngiyamazisa ngenxa yokwethembeka kwakhe, ubumsulwa bakhe. Lokho ayikho, yilokho ayikho.

149 Futhi ngabesilisa nabesifazane abangamaKristu, yilokho esiyikho emehlweni kaNkulunkulu. Akukhona ngenxa yokuthi singaya ebandleni elingcono kunawo onke, noma singagqoka kahle ukwedlula bonke, noma singangena ku *lona* omakhelwane, noma singenza *lokhu*, noma singagibela ku*lokhu*, noma singenza *lokhu*, *lokho*. Lokho akuhlanganise lutho nakho. Ngubumsulwa bokwethembeka kwethu nothando lwethu kuKristu. Futhi lokho ngukuZalwa. Yilokho okufikayo.

150 "Noma ngikhuluma ngolimi lwabantu nolweziNgelosi; angilutho. Noma ngiphakela abampofu; nakuba nginikela ngezimpahla zami; nakuba ngenza *lokhu*, futhi ngenze *lokho*, futhi ngenze *lokho*; angilutho." UKristu unandabani ngakho konke ongakwenza, nakho konke ongakwenza kanjalo, uma lolo olwangempela, uthando lweqiniso nokwethembeka kungekho lapho na? Cabanga ngakho, ungeke na?

151 Lona nguSonto sikole, futhi, khumbulani, leso yisifundo kini. Yiba, enhliziyweni yakho, vumela uKristu abe nendawo yokuqala, njengoba owesifazane wangempela ebeyoba njalo kumyeni wakhe. Azikho ezinye izingalo ebezingamthinta, ndawo. Akukho okunye ukwanga, kungakhathaleki ukuthi

kubukeka kujabulisa kanjani, futhi owesifazane ubeyophendula ikhanda lakhe. Unesethi eyodwa yothando, futhi lolo olomyeni wakhe. Kunjalo. Kungakhathaleki ukuthi indoda ingahle ibukeke kahle kanjani, nokuthi izinwele zayo zingabukeka zipholishekile futhi zicwebezela kanjani, nokuthi ingazibamba kanjani ngokuqondile. Qhabo, mnumzane. Akukho neyodwa into. UYena uyamthanda lowo myeni, futhi nguye yedwa amthandayo. Ulahlekelwa yibo bonke ubumsulwa bakhe nakho konke ukwanga kwakhe, konke okokuthanda kwakhe nakho konke okomyeni wakhe, futhi yena yedwa. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

152 Futhi ulahlekelwa yiyo yonke into yezwe, akunandaba ukuthi ibukeka iyinhle kanjani, ukuthi inhle kanjani, nokuthi kubukeka kuheha kanjani. Ubumsulwa bakho yilokho obalelwa ngakho.

153 Khona-ke wena uthi, "O, haleluya! Ngi—ngiyazi ngikutholile, ngoba ngenze *lokhu*. Haleluya!" Nolaka olwanele ukulwa nomsindo wesaha.

Ake ngikutshele, mfowethu, kuthatha ubumsulwa uKristu abuhloniphayo.

154 "Noma ngikhuluma ngezilimi njengabantu neziNgelosi; noma ngithulula igazi ezandleni zombili; nakuba ngimemeza futhi ngisina, eMoyeni; nakuba ngidla iZwi likaNkulunkulu, futhi ngiLithanda; nakuba ngiphuza eDwaleni lokomoya elifanayo bonke abanye akwenzayo; nakuba ngishaya ihlombe, ngokuzwakalayo njengabanye." [UMfowethu Branham ushaye izandla zakhe kabili—Umhl.] "Noma ngingakhala izinyembezi zengwenya; nakuba ngingenza konke *lokhu*! Kodwa uma lokho kwangempela, kwangoqobo, ubumsulwa bobuKristu bangempela bungekho lapho kuKristu, uba njengethusi elikhencezayo nensimbi encencethayo." UPawulu wayexwayisa ibandla lakhe ngalokhu, ibandla laseKorinte, okungukuthi, lalixubene kuzo zonke izinhlobo zezinto ezifekethisiwe.

155 Ngiyanexwayisa, bangane. Khumbulani, ngiyofanele ngiphendule ngani lapho ngoSuku lokwaHlulela, futhi igazi lenu ngeke libe phezu kwami. Kungakhathaleki ukuthi uthembeke kangakanani kunoma yini enye, thembeka kuKristu. Khumbula lokho, njengoba sikhuleka.

156 Baba waseZulwini oBusisiweyo, kulesisimo samanje, siyeza manje futhi sivum onke amaphutha ethu. O, Wena yiba nomusa, Nkulunkulu onomusa. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzobuka phansi ezinhliziyweni zethu. Futhi kulelihora sisalindile, amakhanda ethu ekhothamele othulini, bheka enhliziyweni yendoda endala, enhliziyweni yowesifazane omdala, enhliziyweni yophakathi nendima yempilo, nabasha, ngisho nabantwana abancane. Futhi kwangathi singazihlola.

157 Siza kuleloviki elingcwele esiligubha njengoLwesihlanu lukaGudi nePhasika, ukuvuka. Nakuba kulonyaka besingathembeka ebandleni, nakuba besingahle ukuba sithathe isidlo, nakuba besingahle ukuba simemezile, besingahle ukuba senze izinto eziningi, kodwa, O Nkulunkulu, bheka phansi enhliziyweni yami. Ngizikhulumela mina. Bheka enhliziyweni yami nasenhliziyweni yalababantu lapha kulokhu ukusa, futhi usihlolisise, Nkosi. Uma kukhona okuthize okuthatha indawo kaKristu, O Nkulunkulu, kususe. Uma kuwubuvila, ukungeneli nje, uma kungaba noma ngabe yini, angazi. Kodwa, Nkulunkulu, kususe kithi. O, asifuni ukuchithwa khona lapha ngesikhathi sempi, sichithwe nguNkulunkulu futhi sibe yisitha kuYe.

158 O Nkulunkulu, buka ezinhliziyweni zethu. Sihlole ngoMoya waKho oNgcwele, futhi usivumele sibone, kulokhu ukusa, uma kukhona noma yini into embi kithi. Uma ikhona, isuse, Baba. Manje sesikubeka e-altare, ukuba sihambe siqhele futhi sikushiye lapho. Uma kuwukuvilapha, uma kuwulaka, uma kuwukunganaki, uma kuwukudebesela, uma kuyinoma yini okungaba yiyo, uma kuyinzondo, uma kuyinhliziyo embi, uma kungumbango, uma kuyinoma yini okungaba yiyo, O Nkulunkulu, kususe kithi, namhlanje.

159 Futhi kulemvuselelo ezayo, sengathi singagcwala kakhulu ukujabula kwaKho, Nkosi, kuze kuthi abaningi bazongena futhi basindiswe, umphakathi omncane lapha, lapho sizame khona kanzima. Imvuselelo yokuqala manje eminyakeni eyishumi, engiyibambile. Manje, ngikhulekela ukuthi Uzosinika lowo wangempela, umoya wangempela ezinhliziyweni zethu.

160 Futhi sengathi ungagxilisa okwehange lapho iPhakade. Siphe khona, Nkosi. Senze sizihlole qobo lwethu, thina bantu abashadile, ngendlela esiphatha ngayo amakhosikazi ethu, ukuthi sineqiniso kanjani, noma aneqiniso kanjani amakhosikazi ethu kithi. Futhi kwangathi nje singangena ezinhliziyweni zethu, kulokhu ukusa, besiyocabanga kanjani ukuthi into efana naleyo yenzeka ekhaya lethu. Futhi-ke kwangathi singabhekisa uthando lwethu kuWe, futhi sithi, "O Nkulunkulu, yiba nomusa kimi."

161 O, uma—uma unkosikazi engenza, cishe njalo ngenyanga, eze adlule nje abeke isandla sakhe kwesakho, futhi athi, "S'thandwa, ngiyakuthanda," futhi ahambe aqhubeke, o, bekungabonakala sengathi akanginaki kanjani, bekungabonakala kanjani sengathi kukhona okungahambi kahle. Futhi Nkulunkulu, lapho mhlawumbe kanye ngenyanga, noma kanye lapho siya ebandleni, sinikela umkhuleko omncane! O, Wena ufuna uthando lwethu, ukuxoxisana kwethu—kwethu—kwethu, ngaso sonke isikhathi, futhi imicabango yethu nezizindlo zenhliziyo yethu bekuyohlala kuWe. Siphe khona, Nkosi.

162 O, gcina izinhliziyo zethu zigxile kakhulu kuWe, ukuze izinto zezwe zizoba ngokuphuphuthekile nokunganakeki kakhulu. Siphe khona, Nkosi. Sizwe manje, futhi usibusise engxenyeni eqhubekayo yalezizinkonzo. Sicela eGameni likaKristu. Amen.

163 Manje, iNkosi inibusise, kahle ngempela. Futhi mina... Uxolo ngithathe imizuzu embalwa eyengeziwe lapho ngemva kokuba uSonto sikole ubusukhishiwe. Futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzonibusisa. Angizishongo lezizinto; lokhu kuphuma eZwini likaNkulunkulu. Beziyizibonelo kithi. Ziyizibonelo.

164 Futhi manje, buka, mngane, ubungazizwa kanjani uma bewazi ukuthi unkosikazi obekwanga ubengumkhapheli na? Cabanga ngakho. Kutadisheni isikhashanyana. Ubungacabangani na?

165 Manje lapho uza kuNkulunkulu, futhi umkhapheli, ungakwenzi lokho. Masibe ngokwangempela. Awudingekile ukuthatha umuzwa. Awudingekile ukuba uthathe okuthile okuhlukile, lapho izibhakabhaka zonke sigcwele uthando lwangoqobo lukaNkulunkulu. Kungani uthatha isibambiso lapho singathola okwangempela na? Kungokwakho. Manje kwangathi iNkosi inganibusisa, njengoba ngiphendulela inkonzo kumelusi wethu.

166 Futhi ningakhohlwa kuleliviki, manje, imvuselelo encane ngeyomphakathi namadolobhana azungeze lapha. Ngena ocingweni lwakho, ushayele ucingo umuntu othile, umtshele ukuthi aphume. Sizoba nokubizela e-altare, futhi silindele isikhathi esimnandi, kuleliviki, eNkosini.

167 INkosi inibusise ngize nginibone ngalobu busuku bangoLwesithathu oluzayo.

